# The Independent Environmental Advisor

CK2011/063274/23

Tel: 076 578 2941 Mobile: 071 975 4865

Email: sarah.wine@iuncapped.co.za / tiea.sarah@gmail.com

17 Rylands Road HOWICK 3290


23 August 2024

**ISAZISO NESIMEMO SOKUPHAWULA: UMQULU WEMININGWANE EWUMSUKA**

**S24G isicelo sokunweba ingqalasizinda yemayini kwingxenye yepulazi iWest Slopes No. 5828 ET, Oshabeni, kumasipala iRay Nkonyeni, ongaphansi kukamasipala weFunda Ugu: KZN 30/5/1/2/2/299MR**

**Inhloso:**

Umzimkhulu Industrial Holdings (UIH) (Pty) Ltd owaziwa futhi nohweba ngegama i**Rossmin** wenze isicelo segunya lezemvelo eliqala emuva ngaphansi kwenombolo KZN 30/5/1/2/2/299MR ukwandisa nokwelula ingqalasizinda yemayini emhlabeni iWest Slopes No. 5828 ET, Oshabeni, ngaphansi kukamasipala wendawo iRay Nkonyeni Municipality. Lesisicelo esokuqinisekisa ukuthi konke okwenzeka njengamanje kusemthethweni, hhayi ukwelulwa kwendawo ngokuzayo noma ukuguqula indlela okusetshenzwa ngayo.

Inhloso yalomqulu wemininingwane ukunika ithuba kulabo abanentshisekelo nabathintekayo (Interested and Affected Parties/I&AP) imininingwane ngaphansi komthetho isigaba 24G weNational Environmental Management Act ufundwa kanye nesigaba 24F, nokunye okuyingxenye yesicelo. Abathintekayo nabanentshisekelo banethuba lokubhalisa ohlelweni lokubandakanya umphakathi benze iziphakamiso nokuphawula kulokucwaningo.

**Umsuka**:

Umzimkhulu Industrial Holdings (UIH) (Pty) Ltd owaziwa nohweba ngegama i**Rossmin** unemayini yedwala le-limestone endaweni Oshabeni kanti unamalungelo okumba ezindaweni ezimbili eziqondene nezaziwa ngeNdongini ne Westlands.

IRossmin isendaweni esemaphandleni nokuyibanga elingamakhilomitha ayishumi uma ungena ngaphakathi kwendawo Umtentweni phakathi komfula uMzimkhulu nomgwaqo iSt. Faiths Road, kanti igxile kakhulu kwezolimo. Indawo Oshabeni inezidingo ezinqala ezimbalwa kanye namathuba ambalwa kwezomnotho nancike kakhulu ekulimeni umoba namantongomane.


IRossmin inelungelo lwezokumbiwa phansi i-KZN 30/5/1/2/2/299MR (endaweni iWestlands ) ukuthi imbe i- dolomite, calcite, dolomitic limestone, marble, isihlabathi iphinde ikapakele kulezindawo :

- Ingxenye ye-pulazi iWestlands No 5829 ET
- Isiqeshana 2 sepulazi iWestlands No 5829 ET
- Isiqeshana 1 no 5 sepulazi iCherry Willingham Park No 9393 ET
- Iziqeshana 5, 10 no 14 zepulazi iWest Slopes No 5828 ET, kanye
- Neziqeshana 0, 1, 2, 3 no 8 zepulazi iVirgo No 14838 ET.


Omunye wemibandela yemvume yezemvelo ukuthi enye indawo kube evikelekile ngokwezemvelo. Njengengxenye yalesibophezelo umhlaba i-West Slopes No 5828 ET wathengwa kwase kuba nesivumelwano phakathi kwabakwa-Rossmin kanye nesikhungo- Ezemvelo KZN Wildlife. Ngesikhathi

sezingxoxo zalesivumelwano, kwavunyelwana ukuthi ingxenye yomhlaba eseNyakatho neNtshonalanga nengxenye ye West Slopes No 5828 iqhubeke njengesizinda semvelo futhi ingenziwa lutho, bese umthangala osengxenye esempumalanga yeWestlands No 5829 ET unwetshwe.

**Indawo lapho abakwaRossmin beqhuba imisebenzi yabo**:
Njengoba kuchaziwe ngenhla, iRossmin isenyakatho-ntshonalanga nePort Shepstone eMtentweni endaweni Oshabeni phakathi komfula Umzimkhulu nomgwaqo iSt Faiths Road:




Ibalazwe 1: Uma ubuka uphezulu ngokwebalazwe imisebenzi yabakwa-Rossmin



Ibalazwe 2: Ikwa-Rossmin

Ibalazwe elingezansi likhombisa indawo yaseWestlands lapho abakwa Rossmin benelungelo lokumba khona, nendawo okungamele ithintwe enombala oluhlaza satshani.




<u>Ibalazwe 3</u>: Ibalazwe iWestlands lokuthi abakwaRossmin bambe ngokugunyazwa,yi-KZN 30/5/1/2/2/299MR ebonakala ngombala omnyama, indawo evikelewe ngokwezemvelo inombala oluhlaza satshani oyizungezile.

**Incazelo ngomsebezi ozokwenziwa:**

IRossmin yasungulwa ngo- 2014-2015 kulandela ukuthola igunya  lezemvelo kanye nelokumba.

IRossmin isenyakatho yosebe lomfula Umzimkhulu eMarble Delta kanti inamatshe ohlobo lwelime amaningi angaphansi komhlaba, nokwenza ukuthi inkampani ikwazi ukwenza imikhiqizo esezingeni eliphezulu lwecaltic esetshenziswa kwezolimo kanye nedolomic esetshenziswa imboni yezokwakha. Inkampani yakwa Rossmin igaya lamatshe iwenze abe wusayizi odingwa abathengi ngokusebenzisa izindlela zakamuva zokumba nezokuhluga ngaphansi komhlaba.

Icalcite nedolomite ambiwa enkwalini ahanjiswe lapho ezohlungwa khona. Imishini yokugaya neyokuhlunga ehlukene iyasetshenziswa ukuqinisekisa ukuthi amatshe ohlobo lwelime asezingeni elidingwa abathengi.

Amahhovisi emayini aphezulu entabeni ngaphezu komfula uMzimkhulu nomgwaqo iSt. Faiths. Isizinda sokugaya nokuhlunga amatshe siphansi nentaba maduzane nomgwaqo iSt. Faiths Road. (buka uFigure 1 ngezansi)



Figure 1: Isizinda sokugaya nokuhlunga amatshe kanye namahhovisi uma kubukelwa phezulu

Nakuba kwalandelwa yonke imigudu ngesikhathi kwenziwa isicelo sokumba nokugaya kuSub 2 wepulazi iWestlands No 5829 ET, lokhu kwakungabali indawo engumakhelwane nepulazi iWest Slopes No 5828 ET neyayingabaliwe njengendawo evikelekile ngokwezemvelo.(buka uFigure 2 ngezansi)





Figure 2: Ingxenye yepulazi iWest Slopes No 5828 ET eyayingabaliwe njengendawo evikelekile ngokwezemvelo.

Ingqalasizinda edingwa abakwa UIH/Rossmin ukuqhuba umsebenzi wokumba nokugaya isilungisiwe ngaphandle kwendawo iMR299 engxenyeni yeWest Slopes No 5828 ET nebonakala kuFigure 2 ngenhla. Indawo ethuthukisiwe ayibalwanga ngaphansi kwendawo evikelwe ngokwezemvelo nangokwesivumelwano nabesikhungo Ezemvelo.

Ingqalasizinda ayibali amahhovisi, kanye nalapho kuhlungwa khona amatshe, amapayipi okuhambisa amanzi, amathangi amanzi, umgwaqo okuletha emahhovisi, kanye namahhovisi okusebenza.

Indlela yokusebenza eqhutshwa **kwingxenye yepulazi** i**West Slopes No 5828 ET** ngaphandle kwalendawo okumbiwa imi kanje:

| **Okwenziwayo** | **Ubukhulu bedawo esetshenziswayo** |
|---|---|
| Amahhovisi, indawo yokuhlola (laboratory) | ~650m$^2$ |
| Indawo yokupaka | ~615m$^2$ |
| Indawo yokugcina nokubeka amanzi asetshenziswa endlini | ~40m$^3$ |
| Indawo yabasebenzi okubalwa kuyo izindlu zangasese nendawo yokudla | ~36m$^2$ |
| Ilapho kupakishwa khona | ~5250m$^2$ |
| Isizinda sokulungisa amanzi kanye namathangi namanye amapayipi | ~37m$^3$ |
| Ubuchwepheshe bokubhekana namanzi amaningi okubalwa ama v-drains, berms kanye nama ground level gutters | ~500m |
| Imigwaqo ngaphakathi kwesikhungo | ~260m |
| Ibhuloho lokukala | ~62m$^2$ |
| INDAWO ETHINTEKILE ISIYONKE | ~24,500m$^2$ |

Lokhu okubalwe ngenhla kuyabonakala kuFigure 3 ngezansi:




Figure 3: Okumayelana nokumbiwa kulendawo ethintekayo

Usayizi wengxenye yepulazi iWest Slopes No 5828 ET engabaliwe njengendawo abakwa Rossmin abayivikele ngokwezemvelo icishe ibe ngamahektha angu -**3.48**.

Kulo 3.48 ongabaliwe cishe:

- U-0.82Ha kwakutshalwe kuwo umoba.
- U-1.61Ha kwakuyidlelo lemfuyo
- U-1.05Ha awuthikamezekile uyihlathi kanye notshani.

Ngesikhathi kuqalwa imayini ngo 2014 Abaphathi bakwaRossmin babezitshela ukuthi yonke imigudu ilandeliwe. Ukucwaninga kwezemvelo kokuqala kwenziwa ngo-April 2014. Isaziso sokuqhubeka senziwa kuMnyango weZokumbiwa phansi kanye noMnyango weZokuthuthukiswa koMnotho ngo 18 July 2014.

Umsebezi wokuqala wawubandakanya ukuhlola amanzi angaphansi komhlaba ngokumba imigodi ukulandela imiyalelo yomnyango wezamanzi, ukuhlola kuSub 2 wepulazi iWestlands kwindawo i MR299 ngoSeptember 2014. Umsebenzi wokwakha amahhovisi, imgwaqo engaphakathi kwesizinda, ukuhlola indawo yokuhlunga nokugaya kwaqala kahle ngoMarch 2015.

Izingxoxo zaqala ngo-2021 abakwa Rossmin nomnyango wezokumbiwa phansi mayelana nokwehlukanisa indawo yefemu kwindawo iMR299, kuze kucace ukuthi ezinye izingxenye zefemu zingaphandle kwendawo iMR299. Umyalelo ophuma kuMnyango weZokumbiwa phansi watholwa ngomhlaka 13 March 2023 mayelana nengqalasizinda engaphandle kwendawo iMR299.

**Umthetho:**
Igunya lezemvelo lalifuneka kulandela uhlelo lokuhlola oluyisisekelo ukuze kwakhiwe ingqalasizinda kwingxenye yeWest Slopes No 5828 njengoba kuchazwe izinto ezenziwayo khona (kusukela ngo 2014 – kuze kube manje) ngaphansi komthetho iNational Environmental Management Act, ka-1998, (NEMA).

Isigaba 24G somthetho iNational Environmental Management Act, 1998, siyakuqonda ukuthi kuba nezikhathi lapho eminye imisebenzi isuke ingayitholanga imvume, bese lesigaba somthetho sivule ithuba lokuthi kulungiswe lokhu ngokuthi kutholakale imvume yezemvelo ngokulandela imigudu efanele nakuba umsebenzi usuke usuqalile.

Isicelo segunya noma imvume yezemvelo ngengqalasizinda yemayini kwingxenye yepulazi iWest Slopes No 5828 kwenziwe ngokulandela isigaba 24G sifundwa nesigaba 24F somthetho iNational Environmental Management Act, ka1998.

Izinto ezenzeka emayini nokucelwa igunya nemvume yezemvelo kubalwa kuzo:
Isaziso 1, GN R983 njengoba kuchibiyelwe iGN R327:
- Ukuguqula indawo engaphezu kwehektha enezitshalo eziyimisinsi yokuzimilela uhlelo 27;
- Ukushintsha indlela indawo engaphezu kwehektha okulinywa kuyo esetshenziswa ngayo uhlelo 28;

Isaziso 3, GN R985 esichibiyelwe uGN R324:
- Ukususa izihlahla nezitshalo endaweni engaphezu kuka300$m^2$ nezibalwa njengezisengozini yokushabalala (Indian Ocean Coastal Belt Grassland, IOCBG), activity 12(d)(iv)

Ngezansi amagunya nezimvume abakwaROSSMIN abanazo:

| UMTHETHO | UMNYANGO ONGAMELE UMTHETHO | UHLOBO Lwemvume/imvume/ igunya/ukuphawula | USUKU |
|---|---|---|---|
| EIA Regulations, 1997 | UMnyango wezemvelo KwaZulu-Natal | Imvume yezemvelo DC21/0008/2011<br>Amendment to EA DC21/AMEND/0008/2014 | 26 February 2013<br><br>27/08/2014 |

| | | | |
|---|---|---|---|
| Mineral & Petroleum Resources Development Act, Act 28 of 2002 | UMnyango wezokumbiwa phansi | Ilungelo lokwakha imayini KZN 30/5/1/2/2/299MR | 10 December 2012 |
| National Water Act, Act 36 of 1998 | UMnyango waManzi neNhlanzeko | IWUL Licence no: 11/T52M/ACGI/4309 | 14 December 2020, amended 5 & 25 October 2021 |
| National Forest Act, Act 84 of 1998 | UMnyango weZamahlathi | KZN0001/04/22-23 | 20 April 2022 |

**Imithelela yokwakha ingqalasizinda ngaphandle kwemayini:**
Izinhlelo ezenzeka ngaphandle kweMR299 zikwingxenye yepulazi iWest Slopes No 5828 ET eyayingabaliwe ngaphansi kwendawo abakwa Rossmin ababeyivikele ngokwemvelo ngenxa yomsindo nokuthikamezeka okwakusezingeni eliphezulu kulendawo.

Kwaba nokucabanga ukuthi ngoba kwase kunesivumelwano sokungayibali ingxenye engamahektha angu 3.48 epulazini iWest Slopes No 5828 ET njengevikelwe ngokwezemvelo kwakusho ukuthi izindawo eziku Figure 2 no 3 ngenhla zazingaqhubeka nokusebenza njengengqalasizinda yemayini.

Imithelela emataniswa nokubakhona kwengqalasizinda yezimayini kubalwa kuyo umsindo, izintuli, izinto ezithinta umnotho, amasiko, ukungcola kwamanzi/namaxhaphozi, nokuthinteka kwemvelo. Zibalulwe ngokufingqiwe lapha ngezansi:

Imithelela ibhekwa ngokuhlola kanje:
Isikhathi: Isikhathi esifushane (0 - 6 wezinyanga) – Isikhathi esimaphakathi (izinyanga eziyi 6 kuya kwiminyaka engu 3 ) – Isikhathi eside (Iminyaka ewu 3 noma ngaphezulu)
Indawo yomthelela: Indawo – eseduze – isifunda – isifundazwe – uzwelonke – umhlaba jikelele
Umfutho: Uphansi – umaphakathi – uphezulu
Izikhathi okwenzeka ngazo: izikhawu ezimbalwa – ngezikhathi ezithize zonyaka – sonke isikhathi /yinto eqhubekayo
Amathuba okulungisa okwenzekile: Mancane – Kungenzeka

| **Imithelela engase ibe khona** | **Indlela okuzokalwa ngayo umthelela emuva kocwaningo (Uphansi, Uphakathi, Uphezulu,Uphezulu-maphakathi, Uphezulu kakhulu:** |
|---|---|
| **Umsindo**<br>Bekunomsindo ovela kwimishini ngesikhathi sokwakha ingqalasizinda, kodwa izakhamizi eziseduze zisendaweni ekude ngangekhilomitha eNingizimu, eMpumalanga, naseNyakatho - mpumalanga nalapho kwenzeka khona ukwakha. Amazinga omsindo amataniswa naloluhlelo aphansi kakhulu. (isikhathi esifushane, phansi, kancane, akulula) | Uphansi |
| **Imvelo**<br>Njengoba kubonakala ngenhla lomhlaba ongamahektha angu 3.48 wathinteka ngesikhathi kulinywa, yingakho ungabalwanga njengomhlaba okwakumele uvikelwe ngokwezemvelo ngenxa yalesizathu:<br>• U-0.82 wamahektha wawusetshenziswa ukulima umoba | Uphansi |

| | |
|---|---|
| • U-1.71wamahektha wawusetshenziswa njengedlelo lemfuyo<br>• U-0.74 wamahektha awukathintwa uyihlathi nendawo eyidlelo.<br>Lokhu kufakazelwa umbiko owenziwe yithuluzi lokukala izinga lomthelela endaweni ethintekayo (isikhathi eside; isifunda; kuphansi; kuyaqhubeka, akulula ukuthi kwenzeke) | |
| **Ezomnotho nenhlalakahle**<br>Abakwa Rossmin baqeqesha abasebenzi iningi labo abalapha Oshabeni. Kunamabhizinisi amaningi anabasebenzi abaningi nekusasa lawo elincike ekusebenzeni kwemayini kanye nemikhiqizo eyenziwa abakwaRossmin. Lenkampani ibuye iveze amathuba kosomabhizinisi bendawo ukuthi kube nezinsiza abazinhlizeka kwaRossmin.<br>(isikhathi eside; izwe lonke; uphezulu; uyaqhubeka; ungenzeka) | Uphezulu – Muhle kakhulu |
| **Ukuthinteka kwezinto ezingamagugu**<br>Azikho izinto ezingamagugu kulendawo ezithintwe ukubakhona kwemayini ngaphandle e299MR.<br>(isikhathi eside; indawo esekhaya/eduze; kuphansi; kuyaqhubeka, akulula ukuthi kwenzeke) | Uphansi mubi |
| **Amanzi/ukungcoliseka kwexhaphozi**<br>Imvume yokusebenzisa ekhishwe umnyango wamanzi eyakhishwa ngo-16 June 2016 onombolo yayo kuwu 11/T52M/ABGI/4309 (echibiyelwe ngo-2021) yagunyaza umgodi wamanzi nokufakwa kwamathangi ngaphandle kwendawo eyimayini, kanti igunya lezemvelo elakhishwa uMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho ngomhlaka 26 February 2013 lakucacisa kumele kusetshenziswe amathangi ohlobo lweConservancy tank, hhayi ama-septic noma ama French drains.<br>Imvume yamanzi ibala izinto ezenzeka emayini, ukuhlola amanzi aphuma emgodini, ama-conservancy tanks kanye nezinye izakhiwo ezithintekayo kulomhlaba iWest Slopes.<br>(isikhathi esifushane; indawo eseduze; kuphakathi; kuyenzeka -nje, kungenzeka) | Uphansi-maphakathi nobubi |
| **Uthuli**<br>Ukuhlungwa kwetshe ilime enkwalini nokuphakishwa komkhiqizo wakhona kudala uthuli. Kunokuhlola okuqhubekayo zinyanga zonke nokwenziwa umhloli ozimele. Izintuli eziphuma kulemayini zihamba ibanga elingaba amamitha angu 20 kuya kwawu 50 kusukela kulesizinda. Abasebenzi bahlinzekwa ngezingubo nezinye izinsiza eziqinisekisa ukuphepha kwabo. Akukho mthelela komakhelwane.<br>(isikhathi eside, indawo eseduze, uphansi, uyaqhubeka, kungenzeka) | Kuphansi kubi – akunamthelela |

**Ukubamba iqhaza komphakathi:**

Lomqulu wemininingwane uyisimemo kuwena ukuthi uphawule kulesicelo semvume negunya lezemvelo ngomhlaka, noma ngaphambi komhlaka 12 September 2024.

Amakhophi ombiko wocwaningo azolethwa ehhovisi lakwaRossmin kanye naseMtentweni Public Library. Labo ababhalise njengabanentshisekelo nabafisa ukubeka umbono bazokwaziswa uma umbiko usulungile.

Kumele kwenziwe amalungiselelo ngaphambi kokuba ukwazi ukubona imiqulu ngenxa yemithetho engamele uhlelo olufana nalolu. Lemiqulu iyotholakala ngokusebenzisa lemininingwane engezansi.

Abafisa ukuphawula nabafuna ukubhalisa njengabanentshisekelo yokuphawula noma abathintekayo banxuswa ukuthi bathumele ukukhathazeka nokuphawula kwisicelo kumcwaningi wezemvelo ozimele ngaphambi noma ngomhlaka **12 September 2024** kulelikheli- The Independent Environmental Advisor nge- email ku-sarah.wine@iuncapped.co.za ; 17 Rylands Road, Howick 3290; or telephone 071 975 4865 attention Mr Barry James/Ms Sarah Allan.

**Isimemo sokuBhalisa nokuPhawula: ngaphambi komhlaka 12 September 2024**

Uma unentshisekelo noma uthinteka ngenxa yalesicelo segunya lezemvelo noma ukunwetshwa kwengqalasizinda kulengxenye yepulazi iWest Slopes No 5828 ET, endaweni Oshabeni, ngaphansi kukamasipala iRay Nkonyeni, ongaphansi kukamasipala wesifuda Ugu , uyamenywa ukuba ubhalise noma wenze izethulo, ucacise indlela othinteka ngayo ngenxa yesicelo (ungaba umakhelwane, enye yezimbangi zenkampani iRossmin, uwumthengisi noma usegunyeni lomthetho) usebenzise lefomu engezansi. Unxuswa ukuthi ifomu uyihambise ku:

The Independent Environmental Advisor
17 Rylands Road
HOWICK
3290
Tel: 071 975 4865 / 076 578 2941
Email: sarah.wine@iuncapped.co.za / tiea.sarah@gmail.com
for attention Barry James/Sarah Allan.

**UMZIMKHULU INDUSTRIAL HOLDINGS (PTY) LTD ohweba njenge ROSSMIN ISICELO SOKUNWEBA INGQALASIZINDA NGAPHANDLE KWENDAWO EYIMAYINI ISICELO SEGUNYA LEZEMVELO KZN 30/5/1/2/2/299MR**

| | | | |
|---|---|---|---|
| Title (Mr/Ms/Mrs) | | Inombolo yocingo | |
| Igama | | Isikhahlamezi | |
| Inhlangano/intshisekelo mayelana nesicelo | | yi-email | |
| Signature | | Ikheli | |

Ngithanda ukuphawula/ukuzwakalisa ukukhathazeka mayelana nokunwetshwa kwengqalasizinda ngaphandle kwendawo eyimayini njengamanje:

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

Uma kukhona omaziyo ongaba nentshisekelo ngalesisicelo, unxuswa ukuba ulethe imininingwane yakhe ukuze siqinisekise ukuthi uthola elakhe ithuba lokuzibandakanya

| | |
|---|---|
| Igama | |
| Inhlangano | |
| Inombolo yocingo | |
| Ikheli | |

Uyaziswa ukuthi umeluleki wezemvelo ozimele noma phecelezi i-Independent Environmental Advisor ulandela imiyalelo yokugodla imibandela yanoma yimuphi umuntu njengoba kuchazwe ngaphansi komthetho i-Protection of Personal Information Act, Act 4 ka 2013. Ngokugcwalisa lefomu uyavuma ukuthi umeluleki angasebenzisa imibandela yakho njengengxenye yohlelo lokubandakanya umphakathi kuphela

Siyabonga!